**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUXOXA NOMPHAKATHI NGOMGWAQO U-P127 EMPENDLE NGOLWESINE MHLAKA 08 NOVEMBER 2012.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaMolefe;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
IMeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomNyango ziholwa iNhloko yoMnyango u-Mnuz S. Gumbi;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuthi siphinde sihlangane nani ningumphakathi walapha eMpendle sizobonisana ngezinto ezithinta intuthuko yethu njengomphakathi nesizwe sonke.

Kodwa ngaphambi kokuba ngingene odabeni lwentuthuko, ngifisa ukuqala ngezinto ezimbili nazo ezibalulekile ukuba sikhulume ngazo, ikakhulukazi njengoba sesisondele emaholidini kaKhisimusi.

Asikhumbuzane-ke ukuthi u-November uyinyanga uHulumeni ayibekele ukukhuthaza izinhlelo zokulwa nobugebengu balo lonke uhlobo.

NgolwesiHlanu olwedlule besethula ngokomthetho zinhlelo zokuqwashisa ngo bugebengu laphaya eNanda, eThekwini. Besikhethe leya ndawo ngoba ingenye yalezo okuthe uma khukhishwa izibalo zobugebengu obenzeke kusuka ngo-April wonyaka odlule kuya ku-March walo nyaka, kwatholakala ukuthi ihamba phambili ngamacala, ikakhulukazi okubulala.

Ngemuva kwalokho-ke sibe sesiqala umkhankaso wokuhambela izindawo ezahlukene lapho kumele siqinise khona izinhlelo zokulwa nobugebengu nokuletha uzinzo emphakathini, okuhlanganisa nendawo yaseMankenganeni ngaseShowe ebesikuyona neSonto.

Kuthe uma sekuvela isidingo sokuba size ngapha njengomNyango wezokuThutha, sathi noma kanjani lo mcimbi sesizowusebenzisa ukukhuluma nangalolu daba lokuphepha ebugebengwini.

Siyazi ukuthi ubugebengu buyadlanga ngezikhathi zenjabulo ngoba abantu basuke benemali futhi bedla utshwala bese beba budedengu. Nezigebengu-ke ziyakwazi lokho – yingakho ubugebengu bubukhulu ngalesi khathi ngoba izigebengu ziyazi ukuthi abantu abanaki uma sebejabule.

Lesi yisikhathi lapho imindeni ivakashelana khona, kanti nabahlala kude ngenxa yokufunda nokusebenza basuke bebuyile.

Nobugebengu obubangwa ukusondelana ndawonye njengomndeni, phecelezi i-contact crime, nabo buye budlange ngalesikhathi. Uthole umalume noma umakhelwane noma ubaba esedlwengula intombazanyana ayizalayo noma yakwamakhelwane.

Intsha yazi ukuthi lesikhathi sisho ukuthi kumele bangene ophuzweni oludakayo nezidakamizwa noma ngabe bebengakwenzi loku phakathi nonyaka ngenxa yokududana nabangani. Kuyothi kuzwakala kube kuthiwa kukhona odlwenguliwe noma abagwazene, kanti indaba isotshwaleni noma izidakamizwa.

Buningi-ke nobunye ubugebengu obukhathazayo emiphakathini ehlukahlukene enjengalapha eMpendle, njengokwebiwa kwemfuyo okuyenye yezinto okumele sibambisane ekulweni nazo. Kumele siqinisekise ukuthi siba nezinhlelo zokunqanda le mikhuba egcina isihlalise kabuhlungu imiphakathi yakithi.

Njengoba le nyanga kungeyokuqinisa izinhlelo zokulwa nobugebengu, siphuma ku-October, wona okuyinyanga yezokuthutha. Kusukela ngo-October siloku siqhubeke njalo nokuqinisa izinhlelo zokuphepha emgwaqeni kuze kube nguKhisimusi nangemuva kwawo.

Njengoba sikhuluma ngokujabula ngalesi khathi sikaKhisimusi siyazi ukuthi kunabantu abasathanda ukuthi badle amanzi amponjwana bese beshayela izimoto.

Umuntu osephuzile akakwazi ukulawula imoto yakhe ngendlela afanelekile emgwaqeni, ikakhulukazi uma esesimweni esiphuthumayo,i-emergency situation, mhlambe kumele avike into ethile emgwaqeni. Izinga lokukwazi ukuthatha isinqumo lisuke seliphazamisekile engasakwazi ukukala ukuthi into ikude kangakanani.

Kanjalo nabahamba ngezinyawo, uthole sekuyizimoto ezivika umuntu ohamba emgwaqeni, kungaseyena obalekela izimoto ukuthi zingamshayisi ehlohlwa utshwala noma sekuvaleke amehlo. Abanye uma sebedakiwe bazibona sebebakhulu bacabange ukuthi bagqoke insimbi kanti imoto kuphela eyinsimbi, futhi iyabulala.

Manje-ke nalapha sizonxusa ukuba nilekelele isifundazwe senu siphume enkingeni yokuthi njalo uma kukhishwa izibalo zikazwelonke kube yithina esihamba phambili. Makuthi uma sekukhishwa izibalo zezingozi ezenzeke ngamaholide kaKhisimusi kuthiwe sihamba phambili ngokwehlisa isibalo sezingozi nokufa kwabantu emgwaqeni.

Sithi sizoninxusa ukuba nijoyine abanye abaningi asebekhombisa ukubambisana nathi kule mikhankaso ngokuthi bagcine imithetho yomgwaqo.

Uyabona nje kufana nokuthi awukho umehluko esisawenzile uma ngenyanga ka-October kulonyaka sisakwaze ukwehlisa isibalo sokufa kwabantu ezingozini zomgwaqo saya ku-124 uma siqhathanisa nangonyaka odlule lapho sibe ngu-129 emigwaqeni yesifundazwe sethu.

Asithathe lelithuba ukuba siwubongele umphakathi waseMpendle ngokuthi uqhubeke nokuhlomula ezinhlelweni zikaHulumeni abantu abaziqokela wona emini ka bha kubheke wonke umuntu. Nanamhlanje-ke njengenjwayelo sizokwethula ngokusemthethweni izinhlelo zomgwaqo esize ngawo lapha u-P127.

Ngaphezu kwalokho siyabonga ukuthi namhlanje njengomphakathi niphumele obala nizoxisana nathi, nizwakalisa ilaka lenu uma kukhona lapho ningagculiseki khona. Kakade vele

njengoHulumeni kungumgomo wethu ukuba abantu babe yingxenye yomsebenzi wentuthuko esuke ilethwe kubona.

Phela nenqubo yentando yeningi esakhelwe phezu kwayo iyakugcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, esithi i-*participatory democracy.* Esiyaye sikugcizelele ngukuthi abantu mabahambise ngemigudu efanele uma kukhona abafuna ukukuzwakalisa, hhayi ukugxumela odlameni kugcine sekubulawa noma kulinyazwa abantu nempahla.

Esifuna ukukucacisa lapha namhlanje ngukuthi yebo kwenzeka ukuthi ngenxa yokuthi lo mgwaqo ubizwa ngo-P127, kwathi uma kuhlelwa ukuba ufakwe itiyela kwaba ngukuthi lokho kusho ukuthi itiyela lizohamba lisuke ku-P130 lihambe ngawo u-P127 lize liyoxhuma ku-P252 no-P27/2 obheke eHimeville.

Kodwa ngandlela thile kwabuye kwavela ukuthi kunomphakathi owawukhala emNyangweni uthi awuyizwa kahle eyokuthi umgwaqo uhambe endaweni wona ongezusizakala kuwona ngenxa yokuthi woa awuhambi lapho bebaningi ngakhona abantu abawudingayo. Umgwaqo ube usubuya uzongena ngo-D1357 ukuze uhambe uyoxhuma ku-P27.

Kuthe-ke ngoJuly walo nyaka njengomNyango saba nomhlangano neNkosi uMolefe nobuholi bomkhandlu wayo, iNkosi yaKwaMpumuza, uSihlalo we-RRTF uMnuz Zuma, iMeya yalapha eMpendle uKhansela uNdlela kanye namalungu e-PLC.

Inhloso yalowo mhlangano kwakungukuzwakalisa ukungenami ngokushintshwa komzila okwakucatshangwa ukuthi umgwaqo uzohamba ngawo ekuqaleni.

Ngemuva kwalowo mhlangano sabe sesivumelana-ke ukuthi senze lolu hlobo lomcimbi ukuze kube yithina esichazela futhi sinxuse umphakathi ukuthi wehlise amaphaphu ngoba sesinqume ukuyifaka itiyela yomibili lemizila ngesikhathi esifanayo.

Ngenxa yokuthi belu besingalubhajethelanga ngale ndlela lolu hlelo lwale migwaqo, sizophoqeka ukuthi senze amakhilomitha amahlanu umgwaqo ngamunye unyaka nonyaka kuze kuphele iminyaka emihlanu.

Siyazi-ke futhi ukuthi abantu abebekhala kule ngxenye obungasayi kuyona umgwaqo bebecabanga ukuthi sithi siyogcina ngabo uma sesiqedile kulena enye ingxenye ngeke sisabuyela kubona.

Sithanda ukukucacisa ukuthi sekungumgomo wethu kulo mNyango ukuthi uma sesingenile saletha i-project endaweni, asibe sisaphuma size siqinisekise ukuthi silivala lonke igebe elikhona lengqalasizinda yomgwaqo.

Bheka nje ngoba kusukela sasivula isigaba sokuqala so mgwaqo u-P127 laphaya eNkosini yaKwaNxamalala ngonyaka ka-2010, siyaqhubeka nezinye izinhlelo zentuthuko, hhayi nje lapha eMpendle kuphela, kodwa isiFunda saseMgungundlovu sonkana.

Phakathi kwemisebenzi emikhulu esithi ama-capital project esiwenzayo nangalo nyaka wezimali ka-2012/2013, kuze kube nangonyaka ka-2013/2014, kukhona afana nokwakha kabushaUmkhomazi River Bridge, KwaPata Pedestrian Bridge, Mooi River Pedestrian Bridge, Nhlambamasoka River Bridge, iNsinga Tributary River Bridge, Makhabela Access Road no-P412.

Kuwona futhi lo nyaka wezimali ka-2012/2013 sifake imali engu-R14.5 million lapha esifundeni saseMgungundlovu ukwakha imigwaqo engena emiphakathini, esithi ama-access road. Nalapha eMpendle kukhona u-Asia Local Road noSiminza Local Road, ozokwakhiwa kule bhajethi noma izinhlelo zezimali zalonyaka.

Kukhona no-R40.8 million esiwufake emisebenzini yokulungisa ubhuqu kufakwe inkwali emigwaqeni eminingi yesiFunda. Ngaphansi kukaMasipala waseMpendle kukhona u-P123 no-P129 esiwuhlelele lo msebenzi.

Kodwa futhi kule District yaseMgungundlovu isiyonke sifake imali engu-R219 million kule minyaka yezimali emibili u-2012/2013 no-2013/2014 ukubhekela ingqalasizinda yomgwaqo. Silindele ukuba kuvele amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-160 ngenkathi kwakhiwa bese kuphinda kube namathuba oZibambele angaphezulu kuka-160 futhi ngalezi zinhlelo.

Ngalawo mazwi-ke sithi abantu bakithi mabaqhubeke babambisane noHulumeni wabo abawuvotela ukuze kushintshwe izimpilo zobo zibe ngcono njengoba kwenzeka lapha eMpendle, okuyinto engazange yenzeke ngesikhathi kusaphethe oHulumeni abadlule ababengenandaba nokuthuthukisa imiphakathi lapho kuhlala khona iningi labantu bakuleli.

Masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu emigwaqeni ngoba phela uma usulungisiwe akusho ukuthi sekumele usetshenziswe ngobudlabha, ubulale noma ulimaze abantu. Sithi asiqhubeke njalo nokubambisana ekulweni nobugebengu nako konke okubulala isizwe sethu.

Masinifisele ukujabula nesikhathi esihle ngesikhathi samaholide kaKhisimusi sithi sengathi singaphepha emigwaqeni nasemiphakathini yethu kuze kube unyaka ozayo.

**Ngiyabonga**